



# UDada noJuba

Nwabisa Dumela

Tebogo Boikanyo Matshana





“Tswi! Tswi! Tswi!”

“Kwa! Kwa! Kwa!”

“Kwek! Kwek! Kwek!”

UDada noJuba bahlangana esizibeni phambi komfula njengokuvamile. Babengabangani abakhulu.



Lalishisa kakhulu ilanga.

uDada wagxuma waziphosa emanzini. UJuba wacabanga, “Kubukeka kumnandi ukubhukuda.”

Emuva kokufaka ikhanda lakhe emanzini, uDada wathi, “Uyathanda ukubhukuda? Gibela emhlane wami, ngizokufundisa.”



Wavuma uDada. Njalo uma uDada ezama ukufaka ikhanda ngaphansi kwamanzi, uJuba wayendiza aye phezulu.

UJuba wacabanga edumele, "Angisoze ngikwazi ukubhukuda njengoDada."

UJuba wagcina esemshiye yedwa uDada emanzini.



“Yini inkinga manje Juba? Uyangiphoxa. Ungangishiya kanjani ngedwa emanzini?” kukhalaza uDada.

UJuba waphendula wathi, “Ngesaba ukuminza.”


“Bengicabanga ukuthi ufuna ukufunda ukubhukuda njengami,” kusho uDada.



“Tswi! Tswi! Tswi! Dada, kungcono ngifundise wena ukundiza. Ukubhukuda kunzima!”

UJuba wagibela phezu kwetshe elikhulu. UDada walandela.

Kusenjalo, ujuba wase egibele esihlahleni eside. UDada wayengakwazi ukulandela.



UDada wadumala. Ngokuthukuthela  
wacabanga, “ujuba akangicabangeli.

Ngiyidada mina, angilona ijuba. Ngijwayele  
ukubhukuda hhayi ukundiza.”

Ujuba wayefuna ukududuza umngani wakhe.



Bahlala phansi etsheni bethule.

Ekugcineni, uJuba wathi, "Mngani wami,  
namhlanje ngifundile ukuthi ngeke ngikwazi  
ukubhukuda njengawe.

Nawe futhi ngeke ukwazi ukundiza njengami.  
Mina ngiyandiza, wena uyabhukuda."

Bamukelana ngokufudumala.





“Singamadada, uma sibhukuda sifaka amakhanda ethu ngaphansi kwamanzi sithi, ‘Kwaa kwaa kwaa gxadada! Kwaa kwa kwa gxadada!’”

“Siyizinyoni, uma sindiza sishaya amaphiko ethu sithi, ‘Tsiyo, tsiyo, tsiyo!’”



Ulwazi Lwethu is a Zenex Foundation funded and initiated project to develop a series of graded and leisure African language readers and teacher support materials. This project is targeted at teaching and supporting learners in the Foundation Phase to improve their home language reading and understanding. The readers have been originated in nine African languages in collaboration with Molteno Institute for Language and Literacies, Nelson Mandela Institute for Education and Rural Development, Room to Read South Africa, and Saide. All resources are developed as Open Education Resources (OER).



NELSON MANDELA  
INSTITUTE FOR  
EDUCATION AND  
RURAL DEVELOPMENT



Room to Read®  
World Change Starts with Educated Children®

Your attribution should include the following:

Title: UDada noJuba

Author/s: Nwabisa Dumela

Translator/s: Zanele Ndlovu


Illustrator/s: Tebogo Boikanyo Matshana

Assurer/s: Zanele Zuma

Language: isiZulu

© Zenex Foundation - Saide 2023

CC BY includes the following elements:

BY  - Credit must be given to the creator

